## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

### UMBUZO 1

1.1 1.1.1 Imfudumalo. (1)

1.1.2 Yingoba ingane yakho bekuyingane yomphakathi/Abazali babebambisana nomphakathi ekukhuliseni izingane zabo/Umakhelwane wayekwazi ukukhuza ingane yomunye. (2)

1.1.3 Ukungenelela kukaHulumeni ngokuholela amantombazane imali yeqolo. (2)

1.1.4 (a) Zidla izidakamizwa. (1)
(b) Zihamba izindawo zokungcebeleka ngaphandle kwemvume yabazali. (1)
(c) Ukukhulelwa kwamantombazane. (1)
(d) Ukuphuma kwezingane emakhaya ziphenduke ama 'street kids'. (1)
(Okuthathu kwalokhu)

1.1.5 C/ Ukubekezelela ubunzima. (1)

1.1.6 Ngiyavumelana ngoba amantombazane ayisebenzisela ukufeza izidingo zawo.
Angivumelani ngoba zikhona izingane eziphila ngale mali ekhishwa uHulumeni eyisondlo sezingane.
(Izimpendulo ziyokwehluka) (Abanike izizathu ezihambisana nombuzo) (2)

1.1.7 Kukhombisa ukuthi lo muntu okukhulunywa ngaye mkhulu/Kukhonjiswa inhlonipho/Ukukholwa/kukhombisa elinye igama likaNkulunkulu. (1)

1.1.8
- zibulawa indlala.
- azinayo indawo yokulala.
- azinazo izimpahla zokugqoka.
- ukungatholi uthando lwabazali.
- ziswela izimpahla zokugqoka.
- ukusolwa ukuthi ziyizigebengu.

Nokunye okuyoshiwo abahlolwayo)
(Okubili kuphela). (2)

1.1.9 Kunawo, ngoba kuba nokuthula kanye nokukhululeka emoyeni/ Umthwalo obuwuthwele uwuzwa ulula/Kunika ithemba ezinkingeni obhekene nazo.

Akunawo, ngoba angikholelwa emkhulekweni. (2)

1.1.10 Umbono ngoba bakhona omama abasakwazi ukweluleka amantombazane ngokuzigcina eyizintombi nto. (2)

1.1.11 Ngiyezwelana nabo ngoba labo mama bazithola sebenza umsebenzi okungewona owabo/Ngokwabo basuke sebewenzile umsebenzi wokukhulisa izingane/ngoba labo mama basuke befuna

izingane ziqhubeke nokufunda.

Angizwelani nabo ngoba amantombazane awasitholi isifundo sokuthola izingane esemancane/kungakafaneli/ngoba batotosa izingane zabo. (2)
(Izimpendulo ziyokwehluka)

1.2 1.2.1 - Bathwele amaduku/Bagqoke izingubo ezinde/Bakhulu/Baqatha. Ngomzimba/banabazukulu bobabili/bobabili baya emhlanganweni/bobabili bakhala isililo esifanayo (okufanayo)
- Omunye ubelethe ingane/Uphethe isikhwama/Ugqoke ingubo enombala okhanyayo/Omunye wembethe ibhayi. (okungafani) (2)
(Nokunye okuyobonwa abahlolwayo)

1.2.2 Kungaba ukuthi ufake amanabukeni/Ukudla kwengane/Imithi yengane/Nokunye okuphathwa omama abahamba nezingane/amabhuku azowasebenzisa emhlanganweni. (nokunye okungavezwa abafundi okuhambisana nokomhlangano) (1)
(Okukodwa kwalokhu)

1.2.3 Unina wengane usesikoleni/usematohweni/akwaziwa ukuthi unina wengane waya kuphi/Akekho umuntu azomshiya nayo. (2)
(Okukodwa kwalokhu)

1.2.4 (C) ukuyothola ulwazi ngezolimo. (1)

1.2.5 Amantombazane ayoqhubeka nokuthola izingane/Amantombazane agcina engazi ukuthi izingane zikhuliswa kanjani/Izingane zigcina ziwumthwalo wabazali/Abazali abaphumuli ekukhuliseni izingane. (2)
(Okukodwa kwalokhu)

1.2.6 Ukwakhiwa kwezinkulisa/ukusondezwa kwezingqalasizinda ezindaweni abahlala kuzona/Labo mama kube yibona abahola imali yeqolo/Abazukulu mabafunelwe abantu abazobagada.
(Nokunye abangakusho) (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: [30]**

Ik

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

### UMBUZO 2

| Amagama acashuniwe | Amaphuzu owabeke ngamagama akho |
|---|---|
| 1. Ukwandisa ukuzwana, ubuhlobo. | 1. Ubuhle bokubingelelana/kuyinto enhle ukubingelelana. |
| 2. Kuyisikompilo. | 2. Kuwumkhuba omuhle/Kukhombisa ubunye/Kuyindlela yokuphila. |
| 3. Ukubingelela kuyisiqalo senkulumo. | 3. Uma uzoqala inkulumo qala ubingelele labo ozokhuluma nabo. |
| 4. Imikhakha yokubingelelana (ukuxhawulana, ubuso obuchachambile). | 4. Izindlela ezahlukene zokubingelelana (ukuxhawulana, ukubuka umuntu ngobuso obukhombisa injabulo. |
| 5. Indlu emnyama ayinaso isikhathi esinqunyiwe sokubingelela. | 5. Abantu abansundu/abamnyama babingelelana noma kunini. |
| 6. NgokwesiZulu ubingelela nomuntu ongamazi. | 6. Abantu abansundu/abamnyama abakhethi bala lamuntu. |
| 7. Abantu abazona izilwane mababingelelane. | 7. Kuwumkhuba omuhle ukubingelelana. |

Ukufingqa kumele kumakwe ngale ndlela:

- **Ukwabiwa kwamamaki:**
  - amamaki ayisi-7 awamaphuzu ayisi-7.
  - amamaki ama-3 awolimi.
  - amamaki esewonke:10
- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma abahlolwayo besebenzise amagama abo:**
  - 1–3 amaphuzu anembayo: nikeza imaki eli-1
  - 4–5 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-2
  - 6–7 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-3
- **Isakhiwo:**
  Noma ngabe ukufingqa kwethulwe ngesakhiwo okungesona, kumele sihlolwe.
- **Ukubalwa kwamagama:**
  - Abamakayo kumele baqinisekise inani lamagama asetshenzisiwe.
  - Alikho imaki okumele lephucwe ohlolwayo ngokuhluleka ukuveza inani lamagama awasebenzisile noma ukuveza inani okungesilo lamagama awasebenzisile.
  - Uma ohlolwayo eqile enanini lamagama amiselwe (70), kumele kufundwe amagama **ama-5 kuphela** angaphezulu kwamiselwe bese engasabhekwa amagama alandelayo ohlolwayo eqe ngawo.

TJc

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

## ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

### UMBUZO 3

3.1 Imizuzu emi-5/eyisi-5/emihlanu/eyisihlanu ukusuka enkabeni yedolobha. (2)

3.2 Ukugqamisa igama lehhotela. (2)

3.3 Ukuheha izivakashi/ukudonsa izivakashi. (1)

3.4 B/Ubusika nehlobo. (1)

3.5 Kuheha izivakashi kalula/ihhotela laziwa ezweni lonke/liyathuthuka kwezomnotho/bakwazi ukuxhumana kalula nehhotela.
(Okukodwa kwalokhu)
(Nokunye okuyonikezwa abahlolwayo) (2)

3.6 Ukusebenzisa ulimi oluhehayo, isibonelo: Indawo Yokuhlala Ephephile/ Amanani aphansi. (2)
**[10]**

### UMBUZO 4

4.1 Nkk. (1)

4.2 Banzi – Umfula obanzi uyesabeka. (Imisho iyokwehluka). (2)

4.3 Usinki/Amakhabethe/isitofu/yilokhu okugezelwa kuko izitsha/umpompi.
(Nokunye okuyonikezwa abahlolwayo) (1)

4.4 Izinto azihambi kahle uma umama engekho ekhaya/Ubaba akalutho uma umama engekho ekhaya/Indlela umama abaluleke ngayo ekhaya.
(Okukodwa kwalokhu) (2)

4.5 A/Akanandaba nokwenziwa izingane/
B/Ukhuthalele umsebenzi wakhe/
D/Akanandaba nesimo esikuleli khaya. (okukodwa kwakho) (1)

4.6 Inkolelo engaguquki/ukugabisa ngamandla/ukwedelela/ukucwasa.
(Okukodwa kwalokhu) (1)

4.7 Yebo uphumelele ngoba kubonakala kungekho okuhamba ngendlela efanele, inja igibele phezu kwekhabethe, izingane zidlala ngezibhamu zamanzi endlini, kufahlaka newindi. (2)
**[10]**

Akuvunyelwe ukukopisha leli phephaPheqa ikhasi

**UMBUZO 5**

5.1 5.1.1 zi – uqukethe umqondo wokuzenza. (1)
5.1.2 -an-. uqukethe umqondo wokwenzana. (1)

5.2 Intsha ingawaxhaphaza la malungelo ngokwedelela abantu abadala. (1)

5.3 Umzali uyazinikela ekukhuliseni izingane zakhe ngoba efuna zikhule zibe qotho/Umzali uyazinikela ekukhuliseni izingane zakhe uma efuna zikhule zibe qotho
(Okukodwa kwalokhu) (1)

5.4 C/Ukushona kwewele. (1)

5.5 Useyoboshwa. (1)

5.6 5.6.1 emasusweni- emasisweni (1)
5.6.2 le zwe- lezwe. (1)

5.7 Yebo, ngoba sikhuluma ngokuthi amantombazane kufanele ahloniphe noma ngubani ngoba awazi ukuthi ayophelela kuphi. (2)
**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 30**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**